/Ivaliwe ize yethulwe/

# UMCIMBI OXHASWE YINKAMPANI YAKWA MONDI

Inkulumo ka

Mhlonishwa MB Gwala-MPP
uNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi: KwaZUlu-Natali

**UNDERBERG** **22 DECEMBER 05**

Mphathiwohlelo, ngizizwa ngithokozile kakhulu ukuba ngibe nethuba lokuhambela lendawo. Ngenxa yobubanzi beSifundazwe sakithi, uyaphela unyaka kunezindawo umuntu agcina engakwazanga ukuhambela kuzo.

Ngithokoza kakhulu ukuthi uNkulunkulu asigcine lize lifike ithuba elinjengaleli lapho sihlangene khona ukuba sithokozele ukufika kwalesi sikhathi samaholidi okuphela konyaka. Sithokoza kakhulu kwabenkampani yakwaMondi ngomnikelo wabo owenze ukuba lomcimbi ube khona. Phela bakhiphe imali eyizinkulungwane ezingamashumi amathathu (R30 000.00) ukuhlangabezana nezindleko zakho konke lokhu esikubonayo namuhla.

Ngishayela ihlombe abenkampani yakwaMondi ngokuzimbandakanya kwabo emshikashikeni oqhubekayo kulezinsuku wokukhuthaza ukuba kube nokubambisana phakathi kukahulumeni nabezimboni ezizimele ekwenzeni imisebenzi yokusiza umphakathi (Public Private Partnership).

AbakwaMondi bayaweseka umqondo othi akwenele nje ukuba inkampani ivule ibhizinisi ngenjongo yokuthola inzuzo bese kuphelela khona lapho. Kodwa belule isandla banikela ukuze lomcimbi ube yimpumelelo. Sithi-ke phambili kubo ngokubamba kwabo iqhaza endimeni ye **social responsibility**. Nginethemba lokuthi ngokubambisana phakathi kwethu singuhulumeni kanye nezinkampani ezenza njengoba abakwaMondi benzile, kuningi okuhle okuzophumelela kokuthi kusizakale abantu bakithi abantulayo. Ngiyafisa sengathi lokhu bekungaba yisiqalo sobuhlobo obude phakathi kwethu nabenkampani yakwa Mondi.

Kumbalwa engifisa ukukuphawula ngaphambi kokuba sedlulele esigabeni sokuzijabulisa ngalokho okulungiselwe usuku lwanamuhla. Umnyango Wezemisebenzi Yomphakathi engiwuphathisiwe njengo Ngqongqoshe wawo, indima engumongo wokuba khona kwalo Mnyango wokuthi sakhele eminye iminyango kahulumeni izakhiwo zokusebenzela – esingabala kuzo izibhedlela nemitholampilo, izikole, izinkantolo, amajele, iziteshi zamaphoyisa, amahhovisi, njalo njalo.

Umphakathi wakudala ubuhlela izinto ngendlela engababhekeli abakhubazekile nasebekhulile ngeminyaka. Izakhiwo ezikhona eziningi zazinama pulani angenayo indlela yomuntu ohamba ngesihlalo, zingahlinzekiwe nezindlu zangasese ezibanzi ngokwenele ukuba isihlalo sokuhamba singene.

Amapulani ezakhiwo zesimanje aseyakubhekela lokhu. Amakheshi aseba nezwi elibikayo ukuthi selikuphi nebhilidi ikheshi. Kunjalo-nje

kukhona asenezinkinobho eziqoshwe umbhalo wabangaboni ukuze bakwazi ukuzikhombela lapho befuna ikheshi libehlise khona ebhilidini. Amabhilidi amadala angenakho lokho aseyalungiswa ukuba zibe khona lezi zinto.

Uhulumeni wentando yeningi uyakugcizelela futhi ukuba kube nokulingana kwamathuba okuqashwa ukuze abesifazane, intsha, nabakhubazekile isibalo sabo ezindaweni zokusebenza siqhathaniseke nesibalo sabo emphakathini jikelele. Nokho-ke kuyoqhubeka ukufunwa kwezitifiketi eziqondene njengokujwayelekile. Nasemnyangweni engiwuphethe sesiwuqalile umkhankaso onjalo wokulungisa amaphutha ayenzeka ngesikhathi esidlule. Empeleni inqubo yokubhekelwa kwabakhubazekile uhulumeni ufuna ukuyibona nakwabezinkontileka zokwakha ezizimele lapho uhulumeni efake khona imali yakhe.

Iyona phela lenqubo esohlelweni lwe EPWP uhulumeni azama ngalo ukulwa nendlala ngokudala amathuba omsebenzi esikhashana. Ngokwalolo luhlelo abesifazane kumele banikezwe ingxenye engu 60% yamathuba omsebenzi, kuthi itsha ithole 30%, abakhubazekile bathole 2% bese okusala lapho kuye kwabesilisa.

Lemibandela ayipheleli emathubeni emisebenzi avelayo lapho kwakhiwa kodwa njengamanje kucutshungulwa umthetho olawula ukukhishwa kwama tenders omsebenzi uhulumeni afake izimali zakhe kuwo ukuba nawo uhlinzekele abakhubazekile ukuthi nabo bahlomule.

Kulonyaka ophelayo manje sibe nengqungquthela yosonkontileka besifazane kumbandakanya nalabo abafisayo ukungena kulomkhakha wezokwakha. Bekuyingqungquthela yokuqala yalolo hlobo ezweni lonke lase ingizimu Afrika. Uma konke kuhamba njengokufisa kwethu eMnyangweni wami, mhlawumbe usuku lwabakhubazekile ku December 2006 besingalugubha selulungile uhlelo lokuba kube nengqungquthela yabakhubazekile abanesifiso sokungena emkhakheni wezokwakha.

Lesi yisikhathi esaziwa ngokuthi yisikhathi samaholidi, nokuphana izipho kanye nokuhambelana. Mina ngisibona siyisikhathi okufanele kugqame ngaso ubuntu nokuyinto yakithi esiziqhenyayo ngayo. Ukuphana akusona isimangaliso emphakathini wazo zonke izizwe ezingama Afrika.

Ngiyobe angenzanga kahle uma ngingabekanga izwi lokweluleka maqondana nokusetshenziswa kwenkece ngalesi sikhathi samaholidi. Abezitolo zonke baphume ngobuningi babo ukuba banenze nikhiphe ngisho isenti lokugcina ephakaketheni ukuze nizithole senithenge nokungadingekile emakhaya ethu. Siqaphele-ke ngoba ziyavulwa izikole emavikini ambalwa emuva kokwedlula kwamaholidi. Okunye futhi engicela sikugweme ngalesi sikhathi ukuhlala sisemgwaqweni njalo kanti nezingozi zezimoto zithe chithi saka.

Mphathiwohlelo, njengoba ngethembisile ekuqaleni ukuthi namuhlanje angizukhuluma ngelule, ngibona kufanele ungivumele ngiphethe ngonifisela isikhathi sokuphumula esihle nesinokuthula, uSomandla anigcine ningene enyakeni omusha niphephile.

Ngiyathokoza kakhulu.

------------------------------